Infanticide seduction desertion. K13/158 1/11

s677 (6) K13/158 E. B. Madondo.

1b

1. Uku6ulawa kwa6antwana.

Amawele noma amaphahla: Kwa6e kuyisiko lakwa Zulu ukuthi uma kuzelwe amaphahla noma amawele elinye ligodukiswe, ukuze unina, nelinye 6apili kahle. Nomuzi futhi ungehlelwa yizigameko zeziqalekiso ezivela kwa6a phansi.

6ekuye kuthi lapho uNkosikazi ezele amawele, ku6uthane amakhosikazi, 6esekuthi inkosikazi em6ele thisile im6ulale lomntwana, ishise, izinyamazane kanye nempepho, i6isithatha lomntwana osaphilayo imeqise phezulu kwazo. Unyawo lwakhe lweso kuphonsa lunyatheliswe esandleni saloyo ose6ulewe. Loko phela kwenzelwa uku6a kuqiniswe lona osapilayo ukuze futhi angatetemi. Lomntwana o6ulewe usengewatshwa nenhla6athi yezi6i zikanina.

Phansi kwenta6a isa6uya inkosikazi yaku Ntuli ya6eletha
2. amawele umfana nentombazana. Inkosikazi eya6i6elethisa uMamalinga ya6ulala umntwana wokugcina intombazane yamfaka ihleza elichanyelwe yilona osaphilayo - emphinjeni wa6esegilwa yonke imikhu6a lena wangcwatshwa kanye nenhla6athi yezi6i zikanina. Ukungagcini lomthetho 6ekwenza uku6a umuzi wonke u6ulawo yinkosi yezwe, ngo6a 6ekusuke kuthi u6uwelo lo6u 6usuke 6uyongena kuyona, i6e nozwela kuzozonke izinto ezenzayo. A6akwa Nyuswa 6ona 6athi, 6ekuti lapho inkosikazi i6elethe amawele, uNina wayo ashiwe impepho a6ese mfaka igeqele emlonyeni umntwana amphendule nentamo, a6efa njalo, umntwana.

Ngokokwa Mangwane: Inkosikazi yakwa Mlambo ya6eletha amawele intombazane nomfana uYise wa6antwana wahla6a imbuzi
3. emhlophe wa6esethetha a6aphansi, wathela lomntwana ozophiliswa ngenyongo oca6angeni nase khanda, wamphuzisa yona, washisa impepho, wameqisa yena zandlazakhe phezu kwembuzi, uNina wa6e m6ulala lona omunye umtwana okunguyena ephume kuqala, sekusala umfana. Kwaphekwa inyama yangaphakathi yonke yadliwa nomswani kanye namakhu6alo a6a6ayo. Kwathi yonke imbuzi yendlalela umntwana kanyo nesikhumba sayo. Lomntwana womfana, wakhishwa kulendlu a6elethelwo kuyona kanye nonina. Lomntwana wakhula

/kahle..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s677

kahle impela futhi engenaluzwela.

Uku6ulawa kwa6antwana a6azidalwa.

KwaZulu umthetho u6ungavumi uku6a la6antwana 6agcinwe 6aze 6akhule, umntwana onesifumbu 6ekwesatshwa ukuthi uzokwandisa a6antu a6anezifumbu, ngakoko ashoshe adedukiswe. Loku futhi
4., 6ekuvama ukukhombisa ukuthi a6azali 6omntwana 6a6engaziphethe kahle noma a6aziphethe kahle. Umntwana ngokuthi acindezelwe lapha phezulu okhakhayini ancishwe umoya angaphefumuli evalwe amakhala, u6ulawa uNinakhulu. Nxa esefile kukhishwe igazi namanzi esifumba ancindiswe ngawo unina kanye nezinsizi zezinyanga ezaziwayo mayelana nalokhu. Kuchelwe umuzi wonke ngentelezi a6engcwatshwake umntwana. Ihlawulo lalowo otholakala egcino umntwana oyisidalwa ya6e inzima kakhulu: Njengo6a noMlokotwa wakwa Qwa6e esho ukuthi inkosi uMacingwane yanquma ukuthi kuhle lomuzi onesidalwa u6ulawe wonke, ama6utho, ngo6a uzokwandisa isizwe esi6i sezidalwa nempela wa6ulawa wonke umuzi.

5. Ukona intombazane noma ukumitha:

Lokhu 6ekungavamile kwaZulu kwazise ukuhlo6onga eMakhosini kwa6ekungavunyelwe nezi, izinsizwa nezintombi. 6ezize zijutshwe yinkosi. Kodwake ngoku6usa kwaMakhosi awehlukeneyo kwaze kwanda.

Kwathi ngelinye ilanga emzini wakwa Nxumalo ophezu ko Mzinyathi uMaku6eka inkosikazi yomuzi ya6iza intombazane yakwayo endlela, yayi6uza ukuthi isaphila kahle yini; intombazane ayezanga ukuthi usho ukuthini yathi iyaphila, waphinda futhi efutheka "Ama6ele akho lawa avuvukiswe yini," khuluma iqiniso?" intombazane yaqala uku6ona ukuthi isho kuphi ukuphila. Yamtshela ukuthi nayo i6one ingayi esikhathini sayo kwaze kwaphela inyanga, yathi futhi yamtshela lomfana wakwa Thusini lokhu, naye
6. akazaphuma nalizwi wathi seso6ona khona. Unina "Uyazi ukuthi usakumithisa na? Awusentombi wena," Wasukuma phansi unina wamshaya ngempama ethetha ethi "Suka lento engento yalutho, ungidumazile futhi noyihlo umdumazile."

Kutho ngakusasa unina wentombazana wa6utha amakhosikazi amanye wawatshela loku, avumelana ukuthi ayovimbezela khona kwa

/Thusini............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/158 3

~~xxxx~~ s677

Thusini ngesonto. Lafika elingali, atheleka 6esalele a6ashaya a6afana, kwasuka omkulu umsindo, na6o phela a6akwa Thusini 6engazi lutho. Athi nji lamakosikazi akwaNxumalo "Sinikeni okwethu ngo6a nani senizinikile." uMandlakayise uyise womfana wayikhipha ingquthu nemvimba, wakhipha nembuzi yokugeza izintombi
7. Lembuzi ke izintombi zayiqhaqha izwa zakhipha umswani zageza ngawo izandla no6uso kanye nezinyawo, za6uye zawusakaza nomuzi wonke. Zi6ashaya ngawo la6a 6asemzini. Zayishiya khona lapo. Lembuzike yaphekwa yadliwa amakhosizi nezingane kuphela. Uma ke kwenzeka ukuthi umfana lona uthi akazimisele ukuyithatha intombazana amakhosikazi ahamba nayo ingquthu, ku6uye kulandele imvimba.

Umake kwenzeka lokhu uyiso wontwana, noma umfowa6o kayise womntwana wentombazana uyena ubiza zonke izimphahla njengo6a, nalapha kumithi lentokazi yakwa Nxumalo, uyise wayo waziyela yena mathupha lapho eseyo funa okungokwakhe, kodwake kwafumaniseka ukuthi intombazana 6afuna ukuyilo6ola la6a
8. 6akwa Thusini, nayeke wayesexola, se6eqalake na6o ukulo6ola.

Ngelinye ilanga inkosi uMawele yenza uku6a isizwe sonke sase yenza uku6a isizwe sonke sase Ma6omvini sihlole amantombazane Izinduna zayala a6azali 6a6antwana ukuthi kuhle 6ahlole a6antwana 6a6o ~~xxxxxxxxxxx~~ ngaphambili koku6a 6aye kulom6uthano ngo6a ihlawulo lo6anzima kakhulu kula6o 6antwana a6ayotholakala 6onakele. Nempela a6azali 6azihlola izintombi.

UMamnjonjo inkosikazi yakwaphumela yafumana ukuthi intokazi yakwayo yonakele. Ya6isi6iza amanye amakosikazi uku6a ~~xxxxxx~~ azoyibekisa lokhu nempela nawo afike avumelana nayo inkosikazi. 6ayi6uzake intombazane ukuthi yoniwa u6anj yaqala ngokungavumi
9. ukuthi yonakele kodwa kwathi lapho se6eyisha yangempama, yasho yathi yoniwa yisoka layo. Ngokuyimekezisake intombazane a6azali 6ayo 6a6iza ingquthu kanye nembuzi yezintombi, kanye futhi nedemesha - inkomo.

Enhlonga ~~xxx~~ insizwa yakwaLinda yona intombi yakwa Buthelezi. Yavuka ekuseni intombi ya6ikela unina ukuthi isoka

/layo................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

layo liyimekezisile, negazi la6e li6onakala ocansini likhombisa impela ukuthi uyimekezisile intombazana. Amakhosikazi aya kwa Linda afike afuna ingquthu nedemesha kanye nembuzi yezintombi pho 6asho entshweni kwaphuma konke ngokushesha.

Uma ke kwenzeka insizwa iphika uma ikhonjwa yintombazane
10. kuyaye kufunwe ofakazi ukuthi intombazane i6ithanda 6ani, futhi usenesikhathi esingakanani engezi kuyona noma eza kuyona. Akuvamile futhi akuzange ku6e yinto eyenzekayo kalulu ukuthi umuntu a6anjwe oqo6eni elele nentombazana. Umake ku6onakala ukuthi konke lokhu uyakuphika kulindelwe ingane. Ingane ke yona iyophuma ifana noyise i6isiqeda icala. Ihlolwe a6aku6o kansizwe na6aku6o kantombi. Umake ku6onakala ingane ingafani noyise loyo okhonjwayo lokho kusho ukuthi liyilahlile intombazane. Uma futhi kutholakala ukuthi yona futhi intombazane i6ingaziphethe kahle ihamba nezinye izinsizwa. Njengaloku uNomakhimbili wa6ethandana no Muhlwa Cele kanti futhi unamashende
11. elinye langaphesheya komvoti elinye lase Ndulinde kanti futhi elinye elakwa Ntunjambili. Lapho icala seliqulwa kwaNda6aza6antu isoka leli uMuhlwa kanti seli6azi 6onke la6a, lathi uma li6asho intombazana yalahlekelwa umqondo yehluleka nokuthi izothini ngo6a nanti nalo selinofukazi, layilahla ngokuthi iziphethe ka6i iqiniso layo alaziwa lapho likhona ku6ona 6onke la6a. Kwafumaniseka futhi ukuthi uMuhlwa lona useneminyaka emi6ili ahamba waya eGoli engazange a6uye. Icala lokona intombazana noma phela ukuyimekezisa lona liqedwa yiwona umndeni lowo olimazene, kodwa uma kukhona ukungezwani kuyenzeka ukuthi liye
12. lifike eNduneni noma kuyo inkosi.

Uma kwenzeka intombazane imithele ekaya, kuyaye kuyo6ikwa isisu lapho intombazane ithe esakhona, amakhosikazi a6uye ngquthu ekhomba phela ukuthi nempela icala 6alamukele.

Amantombazano ayavama ukungamusho umuntu aze ashaywe, kwesinye isikhathi noma eseshayiywe aqambe amanga, ethi phela enzela ukudukisa a6adala ukuze na6akosoka 6ezwe 6ese6ezi lungisela, kwesinye isikhathi asuke esa6a ngo6a emithe lapho kungafanele khona.

/Kwesinye...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwesinye isikhathi isuke ingazi ngempela uma kade kuyintombazane ethanda amadoda amaningi. Mhlaumbe kwesinye
13. isikhathi 6asuke 6elihlanganisile ukuthi ingavumi intombazane ikhombe omunye umuntu, ayithembise izinto eziningi lo wesilisa mhlaumbe ngo6a enomfazi.

uNomakhimbili wamitha qedane, zaphuma izinkomo ngaku6o kansizwa; into yakuqala kwaphuma ingquthu nemvimba nembuzi yezintombi, wa6uye wakhipha imbuzi yokugeza izinkomo zomnumzane, wakhipha inkomo yenkosi yokugeza amanyala phakathi kwesizwe. Njengo6ake lomfo wayeyithanda lentokazi futhi uzimisele ukuyithatha izindleko zomntwana nesikhathi sonke so6unzima siphezulu kwakhe, kuzozonke izindleko. Kodwake kwathi ngo6a
14. nangu umyeni uthi uzomlo6ola, imvimba lena yase yi6a ~~ix~~ yibeka, nezimbuzi lezi sezi6a yindlakudla.

Esifundeni sakwa Nyuswa insizwa yakwa Ndlela yona yalivuma icala lokumithisa intombazana, kodwa yathi ayizimisele ukuyigcagca, yahlauliswa yageza inkosi ya6uye futhi yanikwa umtwalo woku6a yondle umntwana aze akhule futhi lomntwana kwathiwa ongokayise wentombazana.

Izinkomo ke lezi imvimba nedemesha kwahlatshwa nengquthu futhi yashesha yahlatshwa ngo6a phela impahla engenanhlanhla, noma phela kuyenzeka nje ukuthi a6anye 6azifuye lezimpahla ku6e ngezake uyise wentombazane ingquthu kodwa phela ekanina
15. wentombazane.

Kwesinye isikhathi kuyenzeka ukuthi umntwana aphume kunina esefile noma afe nje esezelwe, lokhoke loyo wako myeni kumkhalula kuzozonke izindleko a6ezozi khoka mayelana nomntwana, kodwake akumkhululule ekukhokheni amademesha, nezinye futhi izindleko ezingahle zidaleke njengokugula kwayo intombana isewumdlezane okushu ukuthi uma isesezi6ini, kuswelekile akhiphe izimali zokuye lapha agcine yonke imise6enzi nanje ngongathi i6isiwumkakhe. uNomalumbo wakwa Cele wakhuleliswa yinsizwa yakwa Mboma, yahlawuliswa, zonke izinto ezi6izwayo yazikhipha. Kwathi lapho umntwana esekhulile yaphinda futhi lensizwa

16/yamkhulelisa..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

16. yamkhulelisa. Uyiseka nomalambo, wa6iza enye futhi inkomo yaphuma futhi.

Ngenxa yesondlo esa6anzima sa6antwana a6a6ili insizwa lena ya6ona ukuthi kuhle ingcagce uNomalumbo, nempela yamgcagca yathatha na6antwana 6ayo. Ngo6a phela nanku umthetho uthi uma emthatha a6antwana a6akhe, kodwa uma engamthathi noma anga6ondla kangakanani a6akayise ka Nomalumbo.

Ku6ukeka kunjengehlazo elikhu futhi akuvamile ukwenzeka ukuthi a6azali 6agqugquzele a6antwana 6a6o uku6a 6amithe kona 6ezothola amademesha, ngo6a lawo mademesha afana, nazo nje izinkomo zelo6o lofuthi wona awananhlanhla futhi naye u6izwa
17. ngegamana eli6ana lokuthi ufuye izinkomo zamacala. Futhi uma kutholakala kahle ukuthi lenda6a yokumekeza kwento imbazana uyahlawuliswa yinkosi yesizwe ngenkomo nangezimbuzi ezimbili kugezwa isizwe. uZombane kodwa yena wam6ulala uMnumzane wase Nzala owafunyanwa enecala loku gqugquzela intombazana uku6a ivume imekeziswe umfokazi, njengo6a ngomthetho kaZulu loyo muntu onalelo Cala akafanele aphile.

<u>Ukuphinga:</u>

Lokhu sekudale uku6a a6antu 6a6ulalane ngezindlela eziningi 6ethi 6azama ukuthi 6aqede umonakalo, kodwa nokho uyaphambili.

Kwenzeka ngelinye ilanga ukuti esifundeni sakwa Ceza
18. indoda yafumanisa inkosikazi yayo iwasha amayembe engawaziyo, ya6uza ukuthi awaka6ani, impendula yathi mina ngizise6enzela imali angenanda6a ukuthi aka6ani, "indoda yathi "Angifuni uku6a ngiphendengiku6one uwasha izimpahla engingazazi," akuthi ngci namhlanje lokhu. Nempela laphela isonto kusathinya, kodwa kwathi ngelesi6ili afika amayembe ezothungwa indoda yawathatha yawayisa ku6o kankosikazi ya6a6ikela lokhu. Na6oke 6ayi6iza indodakazi ya6o 6ayiyala.

Lomlisa wayesesolile ukuthi inkosikazi yakhe iyaphinga. Ekuseni ngesonto wathi uyahamba uya eGoli kodwa ufuna ukukwela Barberton isitimela ngakoke uzohamba ngezinyawo aze aye afike
19. kona inkosikazi ayizange imphendule ngisho nokuthi ikiti nje

/ukumalela..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukumalela, kodwa yamenzela amaqe6ele ngwana nje na kwakuphela Wasuka emini impela walala endleleni wavuka futhi waliqa6a walala endleleni ngo6a phela lomuntu wa6enama6atha engakwazi ukuhamba kahle. Ngelesithathu ilanga wafika. Waqeda isonto lonke kona Babatini ngomsombuluko wakhwela imoto e6uyayo wahlala ngaphandle komuzi wakhe kwaze x kwahlwa, wayi6ona indoda ingena yembethe ijazi. Wahlala ngaphandle kwaze kwakhala izinkuku zokuqala. Wasukuma wangena, wafumanisa imbazo emnyango wayithatha, lapho esengenile wafumanisa yona indoda ilele
20. ngapansi kombede aka6esama wagalela kunkosikazi ekhuluma ethi kade ngangisho ukuthi ngoze ngiwu6one lomgodi wamayembe. Yaphuma indoda, wayishaya wuyenqamula isandla ngembuzo. Kodwa yasinda ngokulambisa. Inkosikazi wayi6opha ngemichilo wayinquma intamo ngembazo yafa, wayifaka ngaphansi kombede walala ke yena. Nxa efika amaphoyisa wawakhombisa yonke into wazihambela futhi eseya enkantolo, icala lakhe lathethwa, lamlahla ngokuthi waye ngasafanele ukumbulala imifazi wa6oshwa iminyaka eyisithupha, ngo6a 6athi ye6o nonkosikazi u6onile.

Kodwake uHomoyi yena inkosi yaMangwane lapo ithetha icala
21. laSophisweni elifana naleli yathi inkosi kuhle kuyofunwa a6aku6o kankosikazi 6azo6ulala lendoda, nempela 6afika 6ayigwaza yafa a6aku6o kandoda 6adliwa ishumi lezinkomo ezinhlanu ezenkosi ezinhlanu ezeqhawe leli eli6ulele umfazi walo. A6aku6o ka nkosikazi 6adliwa futhi na6o izinkomo ezine, eyodwa eyenkosi ezintathu ezeqhawe leli eli6ulele unkosikazi.

Ngesinye isikhathi kuyenzeka ukuthi ingozi ingaveli kodwake icale lidlulele phambili uma kungumuntu wangaphandle kodwa uma kungowasekhaya linqunywa yiwo umndeni, ahlawuliswe lowo okwenzile nayo futhi inkosikazi ihlawule, ku6e yiloyo akhiphe inkomo inkosikazi inkomo iyilanda ku6o.

22. Kwenzeka into e6uhlungu emzini wase Maqunge6eni ngaphambili nje kancane kwempi ka Bombada. Inkosana yaganwa gede yahlala izinyanga ezimbili ekhaya yase ihamba iyose 6enza eMgungundlovana. Yashiya uyise no nina kanye nomfowa6o oyelamayo ekhaya.

/Kwenzeka................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwenzeka ukuthi ngelinye ilanga lendodana encane ingqongqoze lapha endlini yoMnewa6o idakiwo uMlo6okazi a6eserula isingena, yalala khona, kodwa kwenzeka ukuthi 6ahlangane noMlo6okazi lona ngo6a phela wayelala nengane esencane kakhulu ayizange iphaphame yona kwaze kwasa x wayesephuma masinyane.

Lokhuke kwa6a nehuha ku6ona 6o6a6ili ngo6a phela nangu lona omncane akakaganwa. Waya zonke izinsuku manjena. Ngelinye ilanga kwenzeka ukuthi ingane icame e6usuku kodwa kwathi lapho
23. isizwa uku6anda ecansini yakhala kanti nangu lomfo ukhona lapha endlini kunjalo nje idakiwe, useyithethisa ingane ethi ayithule, ne6ala ingane yashesha yathula, kanti izwi ilizwili. Yavuka ekuseni yafike yayixoxa lenda6a lapha kunina kaMakoti ukuthi u6ani6ani isho imbiza ngegama 6esilele naye, hhayi waphika ngokuthetha nje uyise wendoda ethi "Suka uqamba amanga". Ngelinye ilanga ingane yavuka ekuseni umakoti engasekho kanti uvuke wayakotheza, ithe nja ivukayo yothola ipipi yalithatha yalipha uBafana loMfana owelusayo kanti insizwa lena iyalifuna yaze yali6ona kuBafana yase i6uza ukuthi walithathaphi yena wathi waliphiwa uNtombikayise igama lalentombazana elalisa
24. uMakoti, wayesethi lilethe lapha yelami, nempela uBafana wamnika kanti uNsikana uyezwakonke okukhulunywayo. Kwenzeka ukuthi uMlo6okazi lona a6onakale esengumuntu osekhulelwe kanti indoda isine sikhathi yahamba kunga6onakali lutho. Unina womfana a6esembalela emtshela ukuthi umkakhe umithi kepha a6azi ukuthi umithiswe ngu6ani. A6ese6aleka lona omncane nxa yekuzwa lokho aye eGoli.

Lapho isifikile indoda yam6uza umkayo akazavuma ukulikhipha iqiniso waze wamshaya lakhuza ixhegu elinguyise.

Indoda isiqoqa wonke umuzi uku6a ukumbuze ukuthi umithiswe ngu6ani, na6aku6o onina noyise bekhona. Inele imbuze nje indoda
25. a6esemusho athi "Umfowethu". uMuzi u6usuthi maka6uyiswe eGoli azoqangqa lokhu. Nempela kwa6anjalo wa6uya.

Waqoqwa futhi umuzi na6aku6o kaMlo6okazi 6afika. Yaqalwa phansi futhi inda6a uMlo6okazi wamkhomba kodwa yena waphika, kanti ingane ithule nje lena yentombazane e6imlalisa uMlo6okazi.

/Uthe..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s677

Uthe esuku lomfo wathi yena akazange nje alale endhlini yomfowa6o, ikuzwa lokho ingane yampendula ikude yathi ngamtshela unina kaMakoti ukuthi 6esilele naye ngelinye ilanga ngathola ipipi lakhe ngalipha uBafana.

Wavuma unina kaMakoti ukuti nempela ingane yamtshela kodwa yena wayethi ingane iqamba amanga nje, ngo6a phela izingane zivamile ukuqamba amanga zixa6anise a6antu. Kwa6izwa uBafana
26. wafike wakuvuma ukuthi nempela ipipi waliphiwa yintombazane kodwa walithatha yena lona, wathi ngelakhe kade elifuna. Laphoke inkuku yanqunywa umlomo akazange esaphendula. Ngokwethembana kwa6o unkosana lona wathi yena aka6oni ukuthi yiqiniso ukuthi lokhu kwenziwe owakwa6o, wathi lokho sekwakhiwe ugo6e nje lokuthi akuthiwe uye ngo6a nangu kade lapha ekhaya, wathi uyokwaneliswa yingane. Inda6ake yamiselwa yona ingane. Yafika ingane ifana naye nje uMfowa6o, kwa6izwa wonke umuzi na6aku6o kankosikazi, 6onke 6afika 6athi eyakhe.

Kwafumaniseka ukuthi kuhle uMfazi naye ahlawule ngenkomo naye futhi uMfowa6o lona akhiphe izinkomo ezimbili nezimbuzi
27. ezine a6esekhipha enye futhi inkomo ageze umuzi, nempela wakwenza lokho ngo6a phela nangu umuntu ofuyile futhi akakagamva.

Umuzi wamyala uku6a angaphindi akwenze lokho, naye futhi uNkosana wamyala ngokuthi akufanele ahambe isikhathi 6side uma umfazi engakhulelwe ngo6a lokho komenza aphinge futhi avunwe nawumthetho.

Ngenxa yokwanda kwalesifo a6antu si6afunda imithi yokucupha a6afazi 6a6o ngemithi njengeqondo nogcunsula, no kunye okuningi ukuze loyo oyayo ukuyophinga abajwe a6onakale nangom6ala futhi ngenxa yokuthi naso lesifo sokuphinga asifuni ukuvinjwa na6o
28. la6a a6aphingayo se6enemithi a6ayise6enzisayo ukuze 6angabajwa, 6afake nezinye izinto ezenza 6angasithathi isifo ngomphambili wa6o uma 6ehlangana nowesifazana ocushiwe.

Umake kwenzeka umuntukazana aphingo noMfazi wenkosi kwa Zulu u6e6ulawa, kodwake kwa6uye kwashintsha ngokushintsha kwemithetho wahlaulisiwa ishumi lezinkomo axoshewe futhi

/phakathi.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s677

phakathi kwezwe adingiswe kanye naye futhi uMfazi adingiswe. Nanamuhla kusenzima kakhulu ukuthetha icala lomuntu ophinge noMdlunkulu ngoba, inkosi ayiphindi ihlangane noMdlunkulu osuke waphinga futhi nesizwe singa yihlawulisa uma ike yakwenza.

29. Uma inkosi noma induna itholakala iphinge nenkosikazi nayo ithethiswa icala ingahlali esihlalweni kuhlale uNdunankulu wesizwe okuthiwa uMdidiyeli ayihlawulise nayo njengoba kuhlawula abantu abaphingile, ibuye futhi ihlawuliswe ngezinkomo ezimbili zokugeza isizwo, zihlatshwe zidliwe amabutho.

Uma umfelokazi ephinga alikho icala ngoba phela akasenandoda, sekufanele ahambe ezibambela noma phela kunge wona umthetho lowo, efanele ukuthi anikwe loyo aqondene naye. Kuyisinyama esibi uma umfelokazi ephinga umyeni wakhe engaka lungiswa futhi kuvama ukumenzela izithunzi ezimbi ngesikhathi esekhululekile.

30. Uma inkosikazi iphinga iseno mntwana osancelayo, yicala elilukhuni elibi kakhulu impela, lifana nokuba futhi iphinga kanti ifelwe umntwana wayo, isamzilele futhi.

Ukwemuka komfazi nenye indoda:

Kwathi ngesikhathi sokuphela kwempi yamaJalimani, uMlisa waseNhlanhleni obekade eyishende nenkosikazi yaLangeni, wabona ukuthi indoda isizobuya, empini, wathi kuhle bahambe baye eThekweni nalenkosikazi. Nempela ngomsombuluko ekuseni bathatha imoto oThukela yabalahla eMgungundlovana, bafike bathatha isitimela sona saze sabalahla eThekwini.

Lapho bekubona lokhu oyise no nina womyeni, babiza abakubo kankosikazi nabakubo kandoda ngoba kwenzeka ukuthi uNomahluze

31. indodakazi yalaphekaya ibabone sebehamba ithumele umfana abalandele, waze wababona noma sebekhwela eBasini - imoto phela. Yabisizobika lapha ekhaya. Umuzi lona usuhlangene nabakuboka nkosikazi nabakubo ka ndoda banquma ukuthi bamangalelwe balandwe ngamaphoyisa nempela kwenziwa lokho kanti nendoda isisendleleni isibuya. Kwathi mhla ephumayo amaphoyisa esebalande khona eThekwini (Durban) yafika indoda ivela empini kade iphesheya

/eFulansi........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/158



s677

eFulansi. Ya6ikelwa lokhu kodwa ayizange iphendule nelilodwa nje izwikukho konke eya6itshelwa khona yalalela nje, kodwa u6uso 6ayo 6ashintsha.

32. Yaze yalala ingazange ikhulume ngisho nelilodwa nje izwi ngaphandle kokuthi iphendule lokho okudingeka ikuphendule. Afika a6athola amaphoyisa. Icala laqulwa amasonto ama6ili la6alahla 6o6a6ili futhi kwafumaniseka ukuthi lendoda isina6antwana a6a6ili kuyena lomfazi. Unda6aza6antu owa6ethetha lelicala wayihlaulisa ngopondo a6ahlanu indoda, yakhokha izinkomo ezimbili ngokuphinga nomfazi womuntu imzalise yakhipha enye futhi ngokweqa naye kanye nezindleko. Inkosikazi kwathiwa kuhle iye ku6o ilande inkomo yokugeza indoda yayo. Nampela lokho kwenzeka, sekwenzekile indoda yayo inkosikazi yacela

33. isehlukanise. Ngokuthi uMfazi uphingile futhi wa6uye wahamba nendoda akakwazi uku6a azalelwe yena. Nempela lelo cala langena enkantolo yezahlukaniso layilahla inkosikazi ngakhoke 6ehlukana. A6antwana inkantolo yathi nga6ayo indoda. Lendodake eya6e iphinge naye umfazi yase imlo6ola umfazi isize imgcagce a6e owayo.

Lesifo sokweqa kwa6afazi namadoda sesandile impela, ikhambi okulonalona lokuselapha sengathi alikathalakali kahle ngo6a nanku umlilo yilokhu u6aselekile.

----------------

Ezilandwa uLugojolo Mwelase i6utho lakhe esizi6a lika Somashi inkosi yaMangwane.

END. S.677

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.